



# INGEDE

May 2024  
Volume 27  
Number 2

## OKUQUKETHWE



### GQOKA OKUYIKHO:-

Imithi yezolimo iyingozi kakhulu, akuqikelelwe ukuthi izembatho eziyizo ziyagqokwa ngasosonke isikhathi (ikhasi 11).



### INTUTHUKO PHAMBILI:-

UMnumzane uNgcobo usishiye esedlale indima enkulu kwezolimo ikakhulukazi kubalimi bomoba (ikhasi 3-4).



### INSIMU EYISIBONELO:-

Kuningi okuzuzwa abalimi uma benensimu eyisibonelo neyokuhlolwa kwezinhlobo zomoba (ikhasi 5-6).



### UKHOKHELWA NGOBUSHUKELA (RV):-

Abalimi abahambise umoba ovuthiwe, ongangcolile ngesikhathi esigayweni (ikhasi 7-8).





# Umyalezo wabalimi:

 **Ibhalwe: nguThulani Masondo (Umphathi wabeluleki bama-SSG nama-LRG)**

Kuyintokozo kimina ukuthi siphinde futhi sicathulisane ukuthi ngabe kulindeleke ukuthi senzeni ngalesisikhathi sonyaka emasimini noma emapulazini ethu. Kubalulekile ukuthi ngaso sonke isikhathi sibambisane nabeluleki bezolimo ukuze umkhqizo kube ngoseqopheleni eliphezulu nelihle elidingwa isigayo somoba.

Ngithanda ukunazisa ukuthi Isikhungo sezoCwaningo ngoMoba eNingizimu Afrika (SASRI), sesinomqondisi omusha othathe izintambo ngomhlaka 1 kuNdasa (March) 2024. Umqondisi omusha nguDokotela Shadrack Moephuli. Njengabalimi sinenhlahla ukuthola umqondisi onamagalelo afana naka Dokotela Moephuli.

Ngiyathemba abalimi basayibambile belekelelana nabeluleki babo, kulezinyanga ezizayo nakhu okumele sikuqikelele:

## MBASA / APRIL



- Qala ngokugawula umoba onesihlava ngoba silimaza izinga lobushukela ezingoqweni.
- Hlahla umoba obulalile ngenkathi yokugaya ephelile.
- Hlahla amasimu ozowatshala kabusha
- Umoba owuhlahlayo noma owugawulayo mawuhambisane nokuthi loluhlobo lomoba lunoshukela omningi ekuqaleni kwesizini noma uma kuvula isigayo.
- Hlahla umoba ovuthiwe, makube ngohlanzekile (awungabi netashi, izikhaba, kanye nezimpande ngoba ziba nenhlabathi).
- Uma umoba wakho ungenashukela kahle qinisekisa ukuthi uyawuvuthiswa.
- Uma unisela nciphisa noma ungawafaki nhlobo amanzi, ukuze imishini izokwazi ukungena ensimini yenze imisebenzi.
- Faka izibulala-khula emasimini ngokushesha uma uqeda ukugawula noma ukuhlahla.
- Thatha isampula lomhlabathi uma uqeda ukugawula noma ukuhlahla.
- Uma unisela nisela insimu yakho ngokwanele.
- Iba nezivumelwano ezibhalwe phansi uma uzokwenzelwa umsebenzi osonkontileka.
- **Kosonkontileka** qikelela ukuthi imishini yakho yokusebenza ikulungele ukusebenza futhi isevisiwe. Izisebenzi unazo eziqeqeshiwe.

- Uma imiphumela yomhlabathi wakho ifuna umcaka wabalimi noma ukaliki, qinisekisa ukuthi ukhona.
- Bulala (futha noma shisa nge glyphosate) utshani obuyikinga (uqethu/isinandi/inqonqodwane) kuwo onke amasimu akho ozowatshala ngentwasahlobo.
- Faka i-oda lembewu yomoba lamasimu ozowatshala ngo-2025, ukuze laba abatshala izimbewu bezokwazi ukukutshalela imbewu yakho ngentwasahlobo.

## NHLABA / MAY



- Qhubeka nokufaka izibulala-khula emasimini aqedwa kuhlhlwa (umeluleki wezolimo noma kwabadayisa ngezibulala-khula uzokulekelela ngohlobo okumele ulusebenzise)
- Lungisa yonke imigudu ehamba amanzi.
- Phendula amasimu ozowatshala ngentwasahlobo
- Qhubeka nokuthatha amasampula omhlabathi
- Maphakathi nesifundazwe – hlola amasimu ukubheka umonakalo wesithwathwa
- Landela imithetho ehambisana nokushiswa komoba
- Lungisa izitubhe zakho ukuze, umlilo ungakwazi ukungena emasimini



## NHLANGULANA / JUNE



- Qhubeka nokufaka izibulala-khula emasimini ahlaliwe noma agawuliwe
- Qhubeka nokuthatha amasampula omhlabathi
- Qhubeka nokufaka ama-oda embewu yomoba ozowutshala ngo-2025, bhalisa i-oda lakho
- Thenga umanyolo ozowusebenzisa entwasa hlobo, ngokulandela izincomo zomhlabathi wakho
- Qhubeka nokulungisa izitubhe noma amabhande okuvimbela Umlilo
- Maphakathi nezwe – qhubeka nokuhlola amasimu ukubheka umonakalo wesithwathwa
- Qhubeka nokuphendula amasimu azotshalwa ngentwasahlobo

## NCWABA / AUGUST



- Phinda ufuthe amasimu anesinandi/uqethu/inqonqodwane uma uyibona ivela la obufuthe khona, ukuze uma usulima/uphendula ube nesiqiniseko sokuthi kulawulekile
- Yazisa lo okutshalele imbewu kusenesikhathi ukuthi imbewu yakho uzoyithatha nini ukuze naye akwazi ukuhlela yonke into kahle.
- Qhubeka nokubulala ukhula lwasebusika.
- Thatha amasampula emasimini embewu ukuhlola isifo uMbasha (RSD).
- Qala ukufaka isikhuthazi uma us'Ogwini.
- Uma izimvula zokuqala seziqalile nokushisa sekukhona, qala ukutshala. Lesi yisikhathi esisincima kakhulu sokuqala ukutshala ngoba umoba otshalwe ngalesi sikhathi usheshe umboze, ukhule ngamandla nangokushesha ngoba uthola zonke izimvula nokushisa kwelanga (okuyiyonanto edingwa wumoba)

## NTULIKAZI / JULY



- Qhubeka nokubulala ukhula lwasebusika
- Qhubeka namasampula omhlabathi
- Qinisekisa ukuthi amathuluzi akho okubulala ukhula asesimweni esilungele ukusebenza ngoba ngentwasa hlobo ukhula luba luningi kakhulu
- Qinisekisa ukuthi izinto zokufaka umanyolo zisesimweni esiwulungele umsebenzi
- Thatha amasampula emasimini embewu ukuhlola isifo uMbasha (RSD).



**Dr Shadrack Moephuli**  
(uMqondisi wakwa-SASRI)





# Umuthi omkhulu kwezolimo uwile

 Ibhalwe nguWinile Shelembe (umeluleki wabalimi bomoba)



**Isithombe 1:** UMnumzane Thulani Ngcobo obengumeluleki wabalimi base-Eston

Abeluleki badlala indima enkulu ekuthuthukisweni kwezimpilo zabalimi. Bakwenza lokhu ngokudlulisa ulwazi kubalimi, ekubaqeqesheni nokubaxhumanisa nezinhlaka ezibalulekile ukuze umkhiqizo wabo uqhubeke njalo njalo nezimpilo zabo zithuthuke. Ukuzikhandla kuka Mnu. Thulani Ngcobo ekuzameni ukushintsha izimpilo zabalimi kungufakazi kulokho.

UMnumzane Thulani Ngcobo obengumeluleki wezolimo ubelekelela ikakhulukazi ngomoba ngaphansi koMnyango weZolimo nokuThuthukiswa kweMphakathi yasemakhaya (DARD). Uqale ukusebenza nabalimi abalima ngokuncane bomoba ngonyaka wezi-2011, ngonyaka wezi-2012 kuya ku-2016 waba ingxenye yokutshalwa kwamasimu omoba ayizibonelo (demo-plots) abalimi bamaphakathi nesifundazwe, e-Mid-Illovo nase Richmond. Inhloso yamasimu ayizibonelo kwakungukuthi abe yizikole zabalimi (field schools) kusukela umoba utshalwa kuze kube uyahlahlwa. Enye inhloso enkulu yalamasimu ukuthi abalimi bakwazi ukuthola imbewu yomoba ehloliwe nenhle eduzane nabo, kunciphe izindleko zokuyithenga kude. Lamasimu ayizibonelo enze umehluko omkhulu kubalimi base-Smonti (e-Mid-Illovo). Ngonyaka wezi-2015 kuya ku-2016 kutshalwe amahheka awu-3.2 ezinhlobo zomoba u-N12, N48 no N54 eSmonti. Lamasimu agawulwa imbewu kabili (itshalo nehlumela lokuqala), lembewu yatshala amahheka angama-55. Abalimi base-Smonti baqale ukulima umoba ngo-1995 benamahheka angama-35, njengamanje amahheka omoba aseyi-120. Labalimi bakwaze ukuthenga ogandaganda ababili, umshini u-crane, amageja adonswa ugandaganda kanye nenqola, bakhanda namathuba emisebenzi endaweni ngemali yomoba.



**Isithombe 2:** USosayensi, umeluleki nabalimi behlonzwa umhlabathi eSmonti





Ngonyaka wezi-2021 iSikhungo sezoCwaningo ngoMoba eNingizimu Afrika (SASRI) sisungule uhlelo lokuhlonza nokuhlola umhlabathi wabalimi abalima ngokuncane, ngenhloso yokuthuthukisa ulwazi lwabalimi kanye nabeluleki ngomhlabathi. Ngokubambisana kuka Mnu Ngcobo, u-SASRI kanye nezinhlangothi zabalimi, kwakhethwa indawo yase-Smonti ukuba ingene ngaphansi kwaloluhlelo. ESmonti kuqalwe ukuhlonzwa umhlabathi ngo Ntulikazi (July) ngonyaka odlule (2023) kwaqedwa ngoMfumfu (October) nyakenye. Imiphumela yokuhlola komhlabathi yamasimu aseSmonti yakhombisa ukuthi umhlabathi wabalimi unenkinga yobumuncu. Ubumuncu buholela ekutheni izimpande zesitshalo zingakwazi ukuthatha imisoco emhlabathini, kuthikamezeke ukukhula kwesitshalo bese kuncipha isivuno. Ngokubona ukuthi abalimi baseSmonti bazolahlekelwa isivuno ngenxa yobumuncu, uMnu. Ngcobo wafaka isicelo kuMnyango weZolimo nokuThuthukiswa kweMphakathi yasemakhaya ukuba ulekelele labalimi ngomcako wabalimi, ukuze umhlabathi wabo ulungiseke ubumuncu. Umnyango wasivuma isicelo sikaMnu. Ngcobo, wanika abalimi base-Smonti amathani ayi-132 omcako wabalimi. Imisebenzi kaMnu. Ngcobo iyancomeka kakhulu ngoba lomcako wabalimi okunjengamanje sebewufakile emhlabathini, uzokwenza umehluko omkhulu kwisivuno somoba wabalimi.



**Izithombe 3:** Umcako wabalimi owatholakala emva kwesicelo esafakwa uMnu. Ngcobo

Singabhala incwadi ngeqhaza elibanjwe uMnu. Ngcobo ekuthuthukisweni kwabalimi bomoba maphakathi nesifundazwe.

***Lala ngokuthula Mapholoba siyohlala sikukhumbula njalo ngamagalelo akho ekuthuthukiseni abalimi bomoba***



Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (**Kumeluleki**) naku-YouTube (**SASRI**)



# Izinhlobo zomoba ezintsha kubalimi beKwalenkume Coop



Kusukela ngonyaka wezi-2018, abalimi abalima ngokuncane eMzimkhulu KwaMadlala (Oak Farm) ngaphansi komphila ndawonye iKwalenkume babetshale uhlobo lomoba u-N39 okunguhlobo oludala olwadedelwa ngonyaka wezi-2002.



*Isithombe 1: Insimu eyisibonelo itshalwa ngoZibandlela wango-2018.*

NgoZibandlela wango-2018, kuhlalo lwamasimu ayizibonelo olwalwenziwa iSikhungo sezoCwaningo ngoMoba eNingizimu Afrika (SASRI) kanye noMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya (DARD) kwatshalwa insimu eyisibonelo engamahheka ama-3.6. Uhlobo lomoba uN58 lwadedelwa u-SASRI ngonyaka wezi-2015. Kusukela lapho abalimi basendaweni nabakhelene nomphakathi wase-Fairview sebekwazile ukuthi nabo bazitholele lembewu bakhuphule ubungako bendawo etshalwe umoba isuka kumahheka ayi-19.23 ngo-2019, kanti manje lendawo etshalwe umoba isibalelwa kumahheka angama-58.58. Yonke indawo entsha ethuthukisiwe ibithola imbewu kwinsimu eyisibonelo, izilinganiso bezingamathani abalelwa kwangama-606.35

ngeheka ngonyaka wezi-2019, kwindawo etshaliwe izilinganiso zomoba zikhomba amathani abalelwa kwayizi-2801 kulonyaka.



*Isithombe 2: UBongiwe Chonco umeluleki wabalimi ensimini eyisibonelo e-Oak farm (ngoNhlolanja 2019).*

## Insimu eyisibonelo yaba nalemithelela kubalimi:-

- Insimu yayisetshenziswa njengesikole sabalimi basendaweni, yonke imisebenzi yokunakekela umoba yayenziwa kulandelwa izincomo zakwa-SASRI zokunakekela umoba.
- Abalimi bethulelwa uhlobo lomoba olusha (okungu-N58) futhi bakwazi ukuzibonela indlela okhulangayo, bathola nolwazi oluthe xaxa ngokuthi lukhiqiza kanjani emasimini futhi kumele luphathwe kanjani ukuze lukhiqize isivuno esiphezulu.
- Loluhlobo lomoba lakwazi ukukhiqiza amathani angama-33, okwenza abalimi balendawo bakwazi ukuthenga imbewu enhle futhi egunyaziwe ngamanani aphantsi, eduze kunciphe izindleko zokuyithutha.



*Isithombe 3: Abalimi abangamalunga eKwaLenkume coop bethangamele usuku lwabalimi ensimini eyisibonelo.*

Ukutshalwa kwalensimu eyisibonelo kwaba nemiphumela emihle, njengoba abalimi bazitshalela indawo engamahheka ama-3.6 ngosizo kanye nezeluleko zabeluleki bakwa-DARD nabakwa-SASRI. Kwalandelwa yonke inqubo mgomo yokukhulisa umoba kusukela ekuhlonzeni umhlabathi kuze kufike isikhathi sokuhlala. Konke okwakwenziwa, kwakwenziwa ngesikhathi kwakuhlelwa usuku lwabalimi ukuqikelela ukuthi bathola ulwazi namakhono okwenza izinto ngendlela.

Indlela abalimi abamukela futhi banakekela ngayo insimu yenza abeluleki nososayensi bakwa-SASRI banqume ukutshala insimu yokuhlola izinhlobo zomoba ezahlukeni ukuze kwazeke ukuthi lezinhlobo zomoba zikhiqiza kanjani uma zitshalwe kulendawo. Futhi lolu lwazi luzosiza abalimi baqonde kabanzi ngezinhlobo zomoba, baphinde babe nesasasa lokutshala izinhlobo zomoba ezintsha sebonile indlela ezikhula ngayo. Insimu yokuhlola izinhlobo zomoba ezintsha yatshalwa ngonyaka ophelile (2023) ngoNhlolanja, kwatshalwa izinhlobo eziyi-12 ezihlolwayo zizohlalwa ekupheleni kwesizini. Imiphumela izosiza ekuqokelelweni kolwazi oluzosetshenziswa abalimi, abeluleki kanye nososayensi. Uma abalimi endaweni bekhombisa ukuthakasela izinsiza abalethelwa zona, kuyagqaguzela ukuthi bakhunjulwe nangelinye ilanga uma kukhona okuzobasiza kufinelele kubona.



*Isithombe 4: Lungi Mkhungo (DARD), Bongwiwe Chonco (SASRI) kanye noMakhosazana Gxumisa (SACGA) kusuku lwabalimi lokufunda ngezinhlobo zomoba.*

## Izinguquko kwithimba labeluleki base-SASRI



UTulani Velem usesebenza nabalimi basoGwini oluseNyakatho (Maidstone, Gledhow & Darnall) abalima ngokuncane (SSG). Uneziqu ze-BAgric. kwi-Agricultural Extension/Production, azithola e-University of Fort Hare. Useneminyaka eyisithupha esebenzela iSikhungo sezoCwaningo ngoMoba eNingizimu Afrika (SASRI) ezikhundleni ezahlukeni. uMnu. Velem usebenzile nakwihhovisi le-GIS, lapho ebelekelela khona abalimi ngohlelo lokusebenzisa umhlaba (okufaka imigwaqo, imigudu yamanzi nemisele yokukhipha amanzi emasimini) ukuze kugwenywe ukuguguleka komhlabathi. Uphinde wasebenza njengomlekeleli wabeluleki kanye neThimba leZifo neziNambuzane nokuLawulwa kweziNhlalo zoMoba. Uma abalimi befisa ukuxhumana naye mayelana nezidingo zomoba bangamuthola ku-082 655 0356 noma ku [tulani.velem@sugar.org.za](mailto:tulani.velem@sugar.org.za).





# UKUKHULISA UBUSHUKELA (RV)

## UKUZE UZUZE NGOMOBA ESIGAYWENI

Abalimi bakhokhelwa (RV Cane Payment System) ngobushukela obutholakale ogoqweni lomoba, obusukela kwizilinganiso zamazinga obushukela nokungewona ushukela okhishwe emobeni, akubhekwa kuphela amazinga obushukela. Ukukhokhela ngalendlela kubhekelela ukuthi akubona bonke ubushukela obuzofinyelela esigayweni esizokwazi ukukumoma sikuthole. Nomangabe ubushukela obuzotholakala ngenkathi kugaywa kuncike kubungako **bobushukela** obusezingoqweni, ukumomeka kobushukela kuyancipha umangabe **amakhafilithi nokungewona ushukela** kuphezulu.

**RV = OKUNGUSHUKELA** – ubushukela obulahleka **NAMAKHAFILITHI** – ubushukela obulahleka **NOKUNGEWONA USHUKELA**

### Buhlolwa kanjani ubushukela (RV)

Ukunqunywa kwezakhi zobuhle bomoba (ubushukela, amakhafilithi kanye nokungewona ushukela) emobeni oledhwe esigayweni ingxenye ebalulekile kuhlelo lokukhokhela abalimi. Uphiko oluhlola umoba (Cane Testing Service/CTS) lakwa-South African Sugar Association (SASA) luzimele futhi aluthathi hlangothi ekwenzeni lomsebenzi wokuhlola umoba. Uhlelo olusetshenziswayo ukuhlola embonini kashukela eNingizimu Afrika oluseqopheleni eliphezulu.

Umoba uhlolwa kathathu ukuze kutholakale i-RV. Ukuhlola kokuqala kususwa konke okuqinile kusale ujusi bese kusetshenziswa ithuluzi elibizwa nge-refractometer ukuthola isikalo se-**Brix**. Uma kukalwa i-brix kusuke kukalwa izinhlobo zoshukela okuyi-sucrose, glucose, fructose kanye nezinye izithako ezisale emanzini. I-Brix okungushukela nokungewona ushukela, ibonisa inani lezinto eziqinile ezincibilikiswe oketshezini olukalwa ngamandla athile adonsela phansi.

Ukuhlaziya kwesibili kenzela ukukala **ushukela**. Ukukwazi ukubala **okungewona ushukela**, kususwa isikali soshukela kwi-brix ebitholiwe.

Ukuhlola okuzolandela, isisindo sesampula lomoba siyakalwa ngaphambi nangasemva kokufakwa kuhavini oshisayo ofuqekwa ngomoya oshisayo ihora elilodwa. Umehluko kwisisindo umele ubungako bomsokama emobeni. Ukuqhubeka ngezibalo, kuzo siza ukunquma ubungako **bamakhafilithi**.

### Ukukhulisa isivuno nobuhle bomoba

Abalimi kumele benze konke okusemandleni abo baqikelela ukukhiqizeka koshukela omningi ngehheka. Umoba kumele ukhuliswe, kubhekiswe lokhu okulandelayo:

- Impilo yomhlabathi.
- Uhlobo lomoba ozolukhetha.
- Imbewu eseqopheleni eliphezulu.
- Ukulungiswa komhlabathi kanye nokutshala.
- Ukulawula ukhula.
- Ukufakwa komanyolo.

Uma sekuhlahlwa, kunezinto ezintathu ezibalulekile okumele zinakisiswe:

1. Umoba kumele kube **usuvuthiwe** uma uhlahlwa okusho ukuthi kumele uhlahlwe usukhulile ngesikhathi esiyiso sonyaka salolo hlobo lomoba. Ukufutha izivuthwisi kanye nokomisa ngokuvala amanzi ezinye zezinto okumele zibe sem'qondweni. Ungasebenzisa i- PurEst® app yakwa-SASRI ukukusiza kulokhu. Le-app ayisizi kuphela ekuthatheni izinqumo ngezivuthwisi, kodwa ingasetshenziswa ukubheka ukuthi amasimu asevuthwe kangakanani ukuze uma sekuhlahlwa kuqalwe ngalawo avuthwe kunawo wonke.
2. Abalimi kumele futhi baqikelele ukuthi umoba **awungcolile** okusho ukuthi okungadingeki njengamaqabunga omile, itashi, izimpande kanye nomhlabathi kuncane kakhulu kumthwalo womoba. Ukugawula







endaweni eyiyo kubalulekile ukuze kuqikelelwe ukuthi ingxenye enoshukela omningi enzansi kwesiqu ithunyelwa esigayweni. Kumele kugawulwe maqondana nomhlabathi kungasali iziphunzi.

3. Umoba kumele kube ukuthi awukaboli uma ufinyelela esigayweni. Umoba uqala ukushintsha ngokushesha emva kwamahora angamashumi amane nesishiyagalombili (48hrs) ushisiwe. Kumele uzame ukuqikelela ukuthi umoba ufinyelele/usulethiwe esigayweni kulesi sikhathi

Ukuqaphela lezimiso ezilula ezintathu zomoba **ovuthiwe, ongangcolile nongabolile ongalibazisekanga** uma kuhlhlwa kuzoqinisekisa ukuthi uyahlomula futhi ulahlekelwa kancane uma sekubalwa ukukhokheleka kwakho nge-RV.





# Indlela eyinhlanganisela yokulawula ukhula (IWM):

## 1. Ukusebenzisa izibulala-khula

Lendlela idinga ukuthi umlimi abe neso elibukhali lokubheka uhlobo lokhula olusemasimini. Kubalulekile ukufutha izibulala-khula ngendlela, ulandela imilayelo ekwilebuli. Izibulala-khula zihlukaniswe ngamaqoqo kubhekwa indlela ezisebenza ngayo esitshalweni. Ukusebenzisa izibulala-khula ezingasebenzi ngendlela efanayo ngokushintshana kuyanconywa uma usebenzisa uhlelo lwe-IWM ukuze kugwenywe ukuthi ukhula lugcine lumelelana noma lungasazweli kwizibulala-khula.



Imithi

## 2. Ukusebenzisa amathuluzi

Lendlela ifaka ukwenza izinto ezizophazamisa ukuhluma kokhula futhi kubulawe nezicubu zokhula. Kufaka ukuhlakula, ukugunda, ukushisa kanye nokulima kancane.



Ukuhlakula

## 3. Izindlela zesintu

Inhloso yalendlela ye-IWM ukunika isitshalo sakho ithuba lokuthi sikhule kangcono kunokhula. Ukunciphisa ububanzi bolayini kusiza umoba ukuthi usheshe uhlanganise, ukhula lungasakhuli kahle ngenxa yokungatholi ilanga elanele. Izitshalo ezinye zingatshalwa uma insimu isalalisiwe ukuze zincintisane nokhula noma kutshalwe izitshalo ezahlukahlukeni ngokushintshana ukuze ukhula lungajwayeli indlela eyodwa yokululawula (njengokufutha ngomuthi). Ngaphezu kwalokho, ukugcina umhlabathi umboziwe kuyanconywa, ikakhulukazi umangabe bekufuthwe i-glyphosate ukuze kugwenywe ukuhluma kokhula kuvinjwe ukuhwamuka nokuphazamiseka kwezibulala-khula okungenza ukusebenza kwazo kuphazamiseke.



Ngokwesintu



IWM



Ibhalwe ngu: Gugulethu Makhaye (Umsizi ngocwaningo lwemithi) kanye no-Anushka Gokul (USosayenzi wemithi yezolimo)

Ukusebenzisa indlela eyinhlanganisela ukulawula ukhula ebizwa nge-Integrated Weed Management (IWM) ilapho usebenzisa izibulala-khula kanye nezinye izindlela ezingafaki izibulala-khula zokulawula ukhula. Imvamisa abalimi abanengi basebenzisa kakhulu izibulala-khula ukulawula ukhula. Kodwa, ukungazisebenzisi ngendlela kanye nokuzifutha kakhulu sekwenze olunye ukhula lungafi kodwa lumelelane nezibulala-khula nemvelo nayo iyathikamezeka. Ukwenza i-IWM kudlala indima enkulu ekulawuleni ukhula emasimini, kwehlisa nezinga lokusalela kwezibulala-khula emhlabathini. Umhlabathi ongathikamezwanga yizibulala-khula isikhathi esiningi uyaye unikeze umlimi inzuzo engcono ngoba isitshalo asiphazamiseki. Kubalulekile kuqashelwe ukuthi uhlelo lwe-IWM alukufaki ezindlekweni eziphezulu nanokuthi lwenzeka kalula.



**Izinambuzane**

#### **4. Ukusebenzisa izitha zemvelo**

Ukusebenzisa izitha zemvelo kufaka ukwethula izitha zemvelo ezidla ukhula. Izitha zemvelo zisebenza kahle kakhulu uma zisencane isibonelo, isibungu noma isinambuzane esisakhula. Lezi zitha zemvelo zifaka izinambuzane njenge-*Calycomyza lantanae* elawula ukhula olubizwa nge- *Lantana camara* kanye nesikhutha esibizwa nge- *Puccinia xanthii* esilawula ukhula olubizwa nge- *Parthenium hysterophorus*.



**Ukuvikela**

#### **5. Ukugwema lungakamili**

Ukugwema ukhula kubaluleke kakhulu uma wenza i-IWM, lendlela igxile kakhulu ekugwemeni ukhula emasimini omoba kanye nokugwema ukubhebhethaka kwalo. Lendlela ifaka ukungena emasimini ubheke ukhula njalo njalo, ukukhuculula imishini ingabi nezinsalela zokhula, ukugwema amathuluzi angcoliswe ukhula kanye nokuvimba ukhula lungaqhakazi. Kuyanconywa ukuthi uma sitshala sisebenzise imbewu engenazo izinhlamvu zokhula ikakhukazi utshani obenabayo.

Ukulawula ukhula ngempumelelo kubalulekile ekutholeni isivuno nenzuzo ephezulu. Uma kulinywa umoba, ukulawula ukhula kubaluleke kakhulu ekuqaleni kwesizini umoba ungakambozi ukugwema ukuncintisana komoba nokhula ukuze kunganziphi isivuno. Ngaphezu kwalokho, ukhula kumele lususe lungaqhakazi ukuze kunciphe imbewu ebuyela igcineke emhlabathini.





# IZEMBATHO ZOKUVIKELA ZISEBENZA KAHLE UMA ZIGQOKWE NGENDLELA!



1. ISIGQOKO
2. ISIHENQO SOBUSO NOKOKUVIKELA AMEHLO
3. ISIMFONYO
4. IPHINIFA
5. IJAKHETHI
6. AMAGILAVU
7. IBHULUKWE
8. AMABHUZU

## UMA USEBENZISA IMITHI QIKELELA UKUTHI:

**uFundisisa uqonde ilebuli ulandele imiyalelo yalo  
uGqoka izembatho zokuvikela njalo, ulandele imiyalelo yelebuli  
uyaQaphela  
uQikelela inhlanzeko ,wenze ngendlela ezokuvikela**

### OKUMELE UKUGQOKE UMA UKALA NOMA UHLANGANISA IMITHI YEZOLIMO



Ijakhethi nebhulukwe



Amabhuzu



Amagilavu



Iphinifa



Isimfonyo



Isihenqo samehlo nokokuvikela amehlo

### OKUMELE UKUGQOKE UMA UFUTHA IMITHI YEZOLIMO



Ijakhethi nebhulukwe



Amabhuzu



Amagilavu



Iphinifa



Isimfonyo



Isihenqo samehlo nokokuvikela amehlo



Isigqoko

## QIKELELA UKUTHI UYAZIVIKELA NGOKUGQOKA:-

1. Isigqoko: Ukuvikela ikhanda uma ufutha emobeni omude.
2. Isihenqo sobuso nokokuvikela amehlo: Ukuvikela ubuso namehlo kungachaphazeleki ngomuthi.
3. Isimfonyo: Ukuvikela ungahogeli intuthu engenza umonakalo emaphashini akho.
4. Iphinifa: Ukuvikela uma kuchitheka imithi yezolimo kuvikeleke nezimpahla ozigqokile.
5. Ijakhethi: Ukuvikela ingaphezulu lomzimba wakho umuthi ungamuncwa isikhumba futhi ungashi.
6. Amagilavu amelelana nemithi: Ukuvikela izandla zakho umuthi ungamuncwa isikhumba futhi ungashi.
7. Ibhulukwe: Ukuvikela isingenzansi somzimba wakho umuthi ungamuncwa isikhumba futhi ungashi.
8. Amabhuzu amelelana nemithi: Ukuvikela izinyawo umuthi ungamuncwa isikhumba futhi ungashi.

### ABADIDIYILI

Sifiso Hlela, Thulani Masondo, Winile Shelembe, Bulela Phoswa, Khanyisile Buthelezi, Nqobile Nxumalo & Wayne Mthembu (Umhleli).

Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September

Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: Nqobile.Nxumalo@sugar.org.za

11

Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (Kumeluleki) naku-YouTube (SASRI)



Amalungelo okuqopha aqukethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxenye yalo msebenzi engaphinda yenziwe nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilelwe kulo msebenzi, isikhungo sezoCwanningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqukethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/guqguzela ukuthi zisetshenziswe.

